

FASTING

ZULU

(UKUZILA)

Published By:



DARUL IHSAN
HUMANITARIAN CENTRE
GUIDANCE • UBUNTU • EMPOWERMENT

Ukuzila ngenyanga ka-Ramadhaan kungenye yezinsika ezinhlanu ze-Islam. Kuphoqekile ukuba amaMuslim esilisa nawesifazane asethombile azile. Ukuzila kwama Muslim kuhlukile ekuzileni kwamanye amabandla.

U Allaah Ta'aala wethembise izibusiso ezinkulu kulabo abazilayo, nesijeziso esibuhlungu kulabo abangazili. Ukuzila kunosizo oluningi empilweni kanjalo nasemphefumulweni. U Allaah wenze ukuzila kwaba yimpopo ukuze sibe nokholo nokumesaba kweqiniso. Kwi Islam ukuzila kusho ukugwema ukudla neziphuzo, nokubhema kanjalo nokuya ocansini kusukela kusempondozankomo, kuze kuyoba sekushoneni kwelanga. Konke lokhu kwenziwa ngenhloso yokuthokozisa u Allaah nokuzuza lonke uhlobo lwesibusiso u Allaah alubekele lowo ozilayo.

Okunye okumele singakukhohlwa yiko ukuthi u Allaah unobubele. Akabacindezeli abagulayo, abadala nalabo abasohambeni olude. Akuphoqekile ukuba bazile, kodwa bangazikhokha lezi zinsuku abangazizilanga lapho sebengcono noma sebeluqedile uhambo.

- ♦ Lokho okungenziwa wumuntu ozilile
- ♦ Ukungakhulumi kungenasidingo
- ♦ Ukungahlambalazi
- ♦ Ukubekezela
- ♦ Ukungaqambi amanga
- ♦ Ukungahlebi
- ♦ Ukugwema ukuxabana nabantu
- ♦ Ukugwema ukuthuka inhlamba.

IZIBUSISO KANYE NEMIVUZO YOKUZILA

U Hadhrat Abu Hurairah (umusa ka Allaah ube kuye) ubika ukuthi uMphrofethi (ukuthula kube kuye) wathi: “Uma kufika inyanga ye Ramadhaan iminyango yeZulu iyavulwa, bese kuthi eyesiHogo iyavalwa, oSathane baboshwe, neminyango yomusa ka Allaah ivulwe.”

UMphrofethi uMuhammad (ukk) wathi: “Iphunga lomlomo womuntu ozilile limnandi ku Allaah ukudlula elamakha e Musk.”

U Hadhrat Sahl bin Saad (umusa ka Allaah mawube kuye) ukuthi uMphrofethi (ukk) wathi: “ Ezulwini kuneminyango eyisi 8. Owodwa kuyona ubizwa ngokuthi yi Rayyaan. Kanti akekho umuntu oyongena kuwona ngaphandle kwalabo abazilayo.”

U Hadhrat Abu Hurairah (umusa ka Allaah mawube kuye) ubika ukuthi uMphrofethi (ukk) wake wathi; “ Lowo ophula ukuzila okukodwa ngaphandle kwesizathu, ngisho angazila impilo yakhe yonke, akasoze akwazi ukulukhokha lolusuku.”

U Hadhrat Anas (umusa ka Allaah mawube kuye) ubika ukuthi uMphrofethi (ukk) wathi; “ Yidla i Sehri (isidlo sasekuseni kusempondozankomo) ngoba inezibusiso.”

U Hadhrat Abu Hurairah (umusa ka Allaah mawube kuye) ubika ukuthi uMphrofethi (ukk) wathi; “ Lowo ozila ngenyanga ka Ramadhaan ngenkolelo nangethemba lomvuzo, uxolelwa zonke izono zakhe ezidlulile, kanti lowo owenza umkhuleko ngobusuku obubusisekile ngenkolelo nangethemba lomvuzo, uxolelwa zonke izono zakhe ezidlulile.”

NANKA AMA SUNNAH OKUGCINWA YILOWO OZILILE

- ♦ Ukudla i-Sehri.
- ♦ Ukuvula ukuzila ngokushesha ngokushona kwelanga.

- ♦ Ukuthandaza iTaraweeh umkhuleko wasebusuku.
- ♦ Ukondla abampofu nabaswele nabalambile.
- ♦ Ukufunda i Qur'aan ngokweqile.
- ♦ Ukwenza i I'tikaaf e Musjid ngezinsuku ezili 10 zokugcina nge Ramadhaan.

Okubalulekile nokuyisifundo ngenyanga ka Ramadhaan wukuthi ukuzila yiyona kuphela indlela izicebi ezizwa ngayo indlala, yona engumngani wabampofu. Lokho kwakha uzwelo ezinhliziyweni zezicebi. Kunjanjo nje kuzenza zibe nozwelo olukhulu ngabampofu, bona abahlale beswele impilo yabo yonke. Futhi i Ramadhaan yenza abantu bacabangisise kahle ngempilo yabo lapha emhlabeni, nokuthi kuyobe kunjani ngoSuku LokwaHlulela lapho abantu beyobe bebhuqwa yindlala nokoma okuyisimangaliso.

“Ukuzila kuyihawu lokuvimba umlilo wesihogo nesiphephelo esiqinileyo (esiyovikela ikholwa esijezisweni somlilo.” Sengathi u Allaah angasivikela sonke emlilweni wesiHogo. Ameen!

SENZANI E-DARUL IHSAN

Isikhungo sama Muslim enza imisebenzi ehlukahlukene

I Darul Ihsan yasungulwa ngoMasingana ka 2000. Lenhlangano ngeyama Muslim (NGO) eyaqala e KZN, nesitholakala e GP nase Kapa e RSA. Isebenza ukusiza nanoma ngubani, kungabe uyi Muslim noma akasilo ngokuthuthukisa nokusimamisa labo abangenawo amandla, nangokunye okuningi ngaphandle kwenkokhelo (Mahhala)

Leli Hhovisi linemikhakha eminingi yokusiza, njengokuxazululwa kwezinkinga ezifana nezemindeni, nokuphendula imibuzo emayelana ne Islam. Lixhasa nabafundi ngemifundaze, emabangeni aphansi nakwaphakeme.

Okuqavile ngalenglangano wukuqwashisa nokwazisa abantu abangayazi inkolo ye Islam, ngokuthi iyinkolo yoxolo nomusa.









Lapha asichazi kuphela ngenkolo, kepha sibheka yonke into ephathelene nobuntu. Kunekomiti lokuxazulula impikiswano ngokwabiwa kwamafa, nezohwebo. Bonke abathintekayo bayahlanganiswa ukuba bamukele isinqumo sokugcina. Kukhona amakhalenda , izincwadi ezichaza kabanzi nge Islam, kanjalo nama PDF nama MP3 atholakala kwii website yakhona. Konke lokhu kuthalakala

MAHHALA

Ngamafuphi igama elithi IHSAN lichaza ukumazi uMdali, uMvelinqangi.



OTHER PUBLICATIONS



Available from www.darulihسان.com/books



DARUL IHSAN

HUMANITARIAN CENTRE

GUIDANCE • UBUNTU • EMPOWERMENT

ISLAMIC

- Learn The Deen
- Teach The Deen
- Jumuah Roster
- Bookshop
- Basic Islam
- Library & Research Facility
- GUIDELINE (Counselling)
- Literature Collection
- Al Ihsan Micro Library
- Marriage Registration
- Sadaqah Jariyah Projects
- Taqwa School of Excellence
- Muslim Marriages Tribunal (MMT)
- Drug Awareness Drive (DAD)
- Siyaphambili Madrasah
- Enewsletters, Social Media Posts
- Azmatu-Ahlil-Bayt-was-Sahaba



HUMANITARIAN

- Feed a Pupil
- Feed a Patient
- Feed The Needy
- Al Ihsan Clinic
- Build a Home
- Al Ihsan Relief (AIR)
- Enable the Disabled
- Bursary Fund (DIBF)
- Operation H2O
- Sponsor a Blanket
- Sponsor a Kajoor Pack
- Al Ihsan Boreholes
- House & Home Improvement
- Al Ihsan Fashion & Design Course
- Uniforms & Stationery
- Al Ihsan Garden Patch
- Al Ihsan Caregiver Course





About Darul Ihsan

Darul Ihsan Humanitarian Centre provides education, guidance, social, empowerment and welfare services to the community. In providing this service, we adopt a holistic approach, that gives due importance to basic needs as well as human rights and dignity of those that we serve.

Founding Philosophy

Darul Ihsan Humanitarian Centre is a multi-purpose, humanitarian-services providing organisation. 'Ihsan' means compassion towards mankind and to act with excellence. The Centre was established in the year 2000 with the primary objective of serving humanity and alleviating poverty and hardship locally and abroad. Since its inception, it has developed and established many humanitarian projects and provides a variety of free services to the community.

Key Objectives

One of the key objectives of the Centre is to promote a better understanding of humanity and peace, thereby serving as a bridge-builder between faiths and communities. Through guidance, Ubuntu and empowerment, the organisation hopes to train and develop the youth to become torch bearers of hope, peace and compassion to humanity.

